



agriculture & rural development

Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

Ilanga, Page 12

13 August 2018

Siyakweshwama okushiwo ngoNgqongqoshe wezoLimo eKZN

MHLELI: Siwumnyango wezolimo (KwaZulu-Natal), sithi masisike elijikayo mayelana nencwadi ebhalwe ngumfundi wephaphandaba lakho, uMnu Bongani Ngwane, esihloko sithi "Ngiyakhala ngomnyango wezoLimo eKZN", ephume ngoMsombuluko odlule.

Masiqale sibonge ukuthi umfo kaNgwane uyawulandela umsebenzi kahulumeni wesifundazwe. Nakuba siphoxekile ukuthi uyibambe emsileni uma ekhuluma ngoNgqongqoshe wezoLimo KwaZulu-Natal, uMnu Themba Mthembu (osesithombeni), uma ethi uyakhala ngaye ngokungasukumeli phezulu odabeni lokuxhashazwa kwabantu emapulazini.

Ngicabanga ukuthi kubalulekile ukuba sicacisele umfo kaNgwane ngezinyathelo ezithathwe ngoNgqongqoshe Mthembu ukulwa nesihlava sokuhlukunyezwa kwabantu abahlala nabasebenza emapulazini.

UNgqongqoshe Mthembu ulusukumele ngazo zombili udaba lokuxhashazwa kwabantu basepulazini iNormandien, ngaseNewcastle.

Umnikazi wepulazi laseNormandien ubexosha abahlali basemapulazini, uNgqongqoshe Mthembu wahambela kulona leli pulazi wahlangana nazo zonke izinhlaka ezithintekayo ukuxazulula lolu daba.

Luphethe ngokuya enkantolo yaseThekwini lapho uNgqongqoshe Mthembu ebhola khona ithimba lomnyango wezomhlaba KwaZulu-Natal besebenza ngokukhulu ukuzikhandla ukuzinisekisa ukuthi abahlali nezisebenzi zepulazi iNormandien bayabuthola ubulungiswa.

UNgqongqoshe Mthembu, iphini likangqongqoshe wezomhlaba kuzwelonke, uMnu Mcebisi Skhwatsha nephini likangqongqoshe wezokubusa ngokubambisana uMnu Andries Nel, bahambele umphakathi waseRichmond onezinkinga zokuxhashazwa emapulazini. Lapho bekulalelwa izikhalo zomphakathi, kwagcina kusungulwe ikomidi uNgqongqoshe Mthembu ayilungu lalo.

Ngokubambisana, ongqongqoshe basazophindela eRichmond bahambise

umbiko wekomidi. Ngesikhathi kusunda kudlula emhlabeni uMothwa Ngubane epulazini laseCramond, uNgqongqoshe Mthembu uhole ithimba likahulumeni wesifundazwe ngokusebenzisana namaphoyisa.

Leso sinyathelo siholele ekubeni kugcine kuboshwe umnikazi wepulazi ngokubulala uMothwa Ngubane, ngakho siyakweshwama okushiwo nguMnu Ngwane kokuthi ungqongqoshe akalusukumeli phezulu udaba lokuxhashazwa kwabantu emapulazini.

Mhleli, ngithanda ukucacisele umfo kaNgwane nabanye okungenzeka ukuthi kabanalo ulwazi lokusebenza kukahulumeni, izindaba ezithinta ukusungathwa komhlaba zingaphansi komnyango wezo-

kuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya nokwabiwa komhlaba, ezokuhlukunyezwa kwezisebenzi zasemapulazini zisungathwa ngeso lokhozi wumnyango wezezisebenzi.

Sinezinsolo ezinqala zokuthi lolu daba lusondelene kakhulu nezombusazwe. Siyazi ukuthi umbhali ozibize ngoBongani Ngwane ungumuntu owakhiwe ukuze kungcoliswe igama likangqongqoshe njengoba elwa nenkohlakalo emnyangweni wezolimo.

Lo mnyango unezisebenzi eziningi ezingosopolitiki, ezibuye zikhohlwe ukuthi ziyizisenzi zikahulumeni.

UNgqongqoshe Mthembu njengo-

mholi weSouth African Communist Party (SACP) KwaZulu-Natal, ulawulwa yimigomo ephathelene nokungahlukunyezwa kwamalungelo abantu nezisebenzi, akasoze azilahla izisebenzi, ikakhulukazi ezasemapulazini.

Ngiyafisa ukusho Mhleli ukuthi ihhovisi likangqongqoshe livulelekile kubo bonke abantu abafisa ukwazi kabanzi ngezinhlelo nokusebenza komnyango.

**Nkk Phathisa Mfuyo okhulumela
uNgqongqoshe wezoLimo
noThuthukiswa kweMiphakathi
yaseMakhaya KwaZulu-Natal**

